IBHUKWANA LOKUNIKEZA ULWAZI

2015-2016

Ishicilelwe ngokuhambisana noMthetho 2, ka-2000 wokuKhuthaza Ukufinyelela Ulwazi

SAQA: IBHUKWANA LOKUNIKEZA ULWAZI

Okuqukethwe

A. Imisebenzi nokwakheka kweSouth African Qualifications Authority (SAQA) [Isigaba 14(1)(a)]..... 3

B. Imininingwane yokuxhumana [Isigaba 14(1) (b)] 5

C. Isiqondiso sesigaba 10 [Isigaba 14(1)(c)] 6

D. Ukuthola amarekhodi agcinwe yiSAQA [Isigaba 14(1)(d)] 6

E. Izinsizakalo ezikhona nokuthi zitholwa kanjani 9

F. Uhlelo lokuvumela umphakathi ukubamba iqhaza ekusungulweni kwenqubomgomo nokusetshenziswa kwegunya [Isigaba 14(1)(g)] 10

G. Izixazululo ezikhona uma izihlinzekelo zo*Mthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Ulwazi* kungahanjiswananga nazo[Isigaba 14(1)(h)] 10

A. Imisebenzi nokwakheka kweSouth African Qualifications Authority (SAQA) [Isigaba 14(1)(a)]

(I) Imisebenzi yeSAQA ngokoMthetho weNQF ongunombolo 67 ka2008

ISAQA, ukuze iqhubezele phambili izinhloso zeNQF kumele:

(a) yenze imisebenzi yayo ngokuhambelana nalo Mthetho; ingamele nokusetshenziswa kweNQF bese iqinisekisa ukufezwa kwezinhloso zayo;

(b) iluleke uNgqongqoshe WeMfundo NokuQeqesha mayelana nezindaba zeNQF ngokwalo Mthetho;

(c) ihambisane nenqubomgomo enqunywe nguNgqongqoshe ngokwesigaba 8(2)(b);

(d) ihlolisise iziqondiso zikaNgqongqoshe ezibalulwe esigabeni 8(2)(c);

(e) ingamele ukusetshenziswa kweNQF ngokuhambisana nohlaka lokusetshenziswa olulungiselelwe yiSAQA emva kokubonisana namaKomidi eKhwalithi;

(f) Ukusungula indlela yokusebenzisana ukuze kuqondiswe izinto okufanwa ngazo phakathi kweSAQA namaKomidi eKhwalithi emva kokubonisana namaKomidi eKhwalithi nokucatshangelwa kwezinto zeSAQA eziphawulwe esigabeni 11 neziqondiso eziphawulwe esigabeni 33; nokuxazulula izingxabano ezimayelana namaKomidi eKhwalithi;

(g) mayelana namazinga—

(i) ukwenza okuzoqukathwa yizinkomba zamazinga ezingeni ngalinye leNQF;

(ii) nokufika esivumelwaneni namaKomidi eKhwalithi ngokuzoqukathwa;

(iii) ukushicilela kuGazethi izinkomba zamazinga okuvunyelwene ngazo; kanye

(iv) nokuqinisekisa ukuthi zihlale zihambisana nesikhathi futhi zifanelekile;

(h) mayelana nokufundelwe—

(i) ukusungula nokusebenzisa inqubomgomo nendlela yokuqoka, emva kokubonisana namaKomidi eKhwalithi mayelana nokwenziwa, ukubhaliswa nokushicilelwa kokuzofundelwa nokuzofundelwa ingxenye, okufanele kufake nalezi zidingo ezilandelayo:

(a) uhlakana olufanele kumele luhlonzwe kunoma yikuphi okubhaliwe mayelana nokubhaliswa nokushicilelwa kokufundelwe noma okufundelwe ingxenye; futhi

(b) uhlakana ngalunye kumele lube nendlela-kuqamba ehlukile yezinhlobo zayo zokufundelwe efanele uhlakana ehambisana nalo futhi engena khaxa kunqubo yamazwe ngamazwe;

(ii) ukubhalisa okufundelwe noma okufundelwe ingxenye okutuswe ngamaKomidi eKhwalithi uma kuhlangabezana nendlela yokuqoka efanele;

(iii) ukusungula inqubomgomo nendlela yokuqoka, emva kokubonisana namakomidi eKhwalithi ngenjongo yokuhlola, ukwamukelwa kolwazi lwaphambilini ngokunjalo nokuqongelela

nokudlulisela osekufundiwe kakade;

(i) mayelana nezinhlaka ezisemthethweni—

(i) ukusungula nokusebenzisa inqubomgomo nendlela yokuqoka yokwamukela uhlaka olusemthethweni nokubhalisa isikhundla esisemthethweni ngokwezinjongo zalo Mthetho emva kokubonisana nezinhlaka zongoti ezindimeni zemisebenzi kanye namaKomidi eKhwalithi; kanye

(ii) nokwamukala uhlaka olusemthethweni nokubhalisa isikhundla uma indlela yokuqoka ephawulwe esigatshaneni (i) kuhanjiswana nayo;

(j) mayelana nobudlelwane bamazwe ngamazwe—

(i) ukusebenzisana nabalingani bamazwe ngamazwe ezindabeni ezibathinta ngokufanayo mayena nohlaka lokufundelwe;kanye

(ii) nokwazisa amaKomidi eKhwalithi nezinye izinhlaka ezinothando mayelana nenkambiso yamazwe ngamazwe ekusunguleni nasekungameleni izinhlaka zokufundelwe;

(k) mayelana nocwaningo—

(i) ukwenza noma ukugunyaza ucwaningo mayelana nezindaba ezibalulekile ekuthuthukisweni nasekusetshenzisweni kweNQF, okufaka ucwaningo lwazikhathi zonke ngeqhaza leNQF emfundweni, ekuqeqesheni nasekuqashweni eNingizimu Afrika;

(ii) ukushicilela lokho okutholakale ocwaningweni okukhulunywe ngalo esigatshaneni (i);

(l) mayelana namarekhodi emfundo nokuqeqesha, ukugcina okukazwelonke kwabafundi

(m) okuyinqolobane yamarekhodi aqukethe amarejista kazwelonke okufundelwe nokufundelwe ingxenye. okuphaswe ngabafundi, izinhlaka ezisemthethweni ezamukelekile, izikhundla ezisemthethweni kanye nolwazi oluhlobene nalokho;

(n) mayelana nokufundelwe emazweni angaphandle, ukunikeza usizo lokuhlola nokweluleka ngokuhambelana nalo Mthetho; futhi

(o) mayelana nezinye izindaba—

(i) ukwazisa umphakathi ngeNQF;

(ii) ukwenza noma yimiphi eminye imisebenzi edingwa yilo Mthetho; and

(iii)ukwenza noma yimuphi omunye umsebenzi ongase unqunywe nguNgqongqoshe ngokuhambelana nalo Mthetho .

ISAQA kumele ithumele kuNgqongqoshe umbiko wonyaka ofaka umbiko wezimali nowabacwaningi mabhuku, ngaphambi noma ngomhla ka30 kuJuni njalo ngonyaka.

(II) Ukwakheka kweSAQA

Iyini iSouth African Qualifications Authority?

ISouth African Qualifications Authority (SAQA) iwuhlaka olungokomthetho - okungukuthi

inikezwe ngumthetho amandla angokomthetho. ISouth African Qualifications Authority Board iyibhodi enamalungu angu12 aqokwe nguNgqongqoshe weMfundo Ephakeme Nokuqeqesha. Amalungu aphakanyiswa ngababambiqhaza abaqokiwe kuzwelonke kwezemfundo nokuqeqesha.

Iqhaza leSAQA yileli:

- ukuqhubezela phambili izinhloso zeNQF;
- ukwengamela ukuthuthukiswa kweNQF; kanye
- nokuxhumanisa izinhlaka ezingaphansi kwayo.

ISAQA kumele yenze lokhu;

- ukubhalisa okufundelwe nokufundelwe ingxenye;
- ukusebenzisana nabalingani bamazwe ngamazwe ezindabeni ezibathinta ngokufana mayelana neNQF;
- ukwenza noma ukugunyaza ucwaningo mayelana nezindaba ezibalulekile ekuthuthukisweni nasekusetshenzisweni kweNQF;
- ukugcina iNqolobane Kazwelonke Yamarekhodi Abafundi equkethe amarejista kazwelonke okufundelwe, okufundelwe ingxenye, imiphumela yabafundi,
- ukwamukela izinhlaka ezisemthethweni,
- ukubhalisa izikhundla ezisemthethweni;
- ukunika usizo lokuhlola nokweluleka mayelana nokufundelwe emazweni angaphandle; kanye
- nokunika usizo lokweluleka lweNQF.

B. Imininingwane yokuxhumana [Isigaba 14(1) (b)]

UMnikilwazi kwaSAQA nguMphathi Omkhulu Ongamele futhi amaPhini oMnikilwazi yilaba:

UMqondisi: Advocacy, Communication and Support (ACS)

UMqondisi: National Learners' Records Database

Ikheli lehhovisi: SAQA House

1067 Arcadia Street

Hatfield

0083

Ikheli leposi: Postnet Suite 248

Private Bag X06

WATERKLOOF

0145

Ucingo: (012) 431-5000

Ifeksi: (012) 431-5147

Ikheli le-imeyli: saqainfo@saqa.org.za

Isizindalwazi: http://www.saqa.org.za

C. Umhlahlandlela wesigaba 10 [Isigaba 14(1)(c)]

Imibuzo ingabhekiswa kulaba:

UKhomishana WaseNingizimu Afrika Wamalungelo Abantu:

UPhiko Lokukhuthazwa Kokufinyelela Ulwazi

UMnyango Wocwaningo Nokulondoza

Ikheli leposi: Private Bag 2700

Houghton

2041

Ucingo: (011) 877 3750

Ifeksi: (011) 403 0668

Isizindalwazi: www.sahrc.org.za

I-imeyili: PAIA@sahrc.org.za

D. Ukuthola amarekhodi agcinwe yiSAQA [Isigaba 14(1)(d)]

(III) Ukudalulwa okuzenzakalelayo [Isigaba 14(1)(e)]

Amalungu omphakathi angakwazi ukuthola amarekhodi abalwe ngezansi ngaphandle kokugcwalisa isicelo sefomu lolwazi elishicilelwe kuGazethi kaHulumeni [Isaziso sikahulumeni R187- 15 Febhruwari 2002] (Ifomu A).

Qaphela ukuthi okunye okushicilelwe yiSAQA kuyadayiswa ukuze kukhokhwe izindlela zokushicilela futhi abafakizicelo bayokwaziswa ngezindleko, uma zikhona.

Kuyicala ukuba umfakisicelo enze inzuzo ngokudayisa imikhiqizo yeSAQA. Uma kukhona okusetshenziswe njengoba kunjalo noma okucashuniwe, kumele iSAQA ibalwe njengomthombo wolwazi.

Isihloko: Okushicelelwe okuvamile

Imikhakha:

- Okwesishayamthetho
- Imibiko yonyaka
- Imibiko eshicilelwe
- Ezakamuva zakwaSAQA
- Ezezindaba zokuxhumana zakwaSAQA
- Izinqubomgomo
- Okushicilelwe

- Amaphepha ethulwe kuzinkuthazakwenza/ ezingqungqutheleni nokunye.

Isihloko: Ukubhalisa nokwamukela

Imikhakha:

- lmiqulu yezinkombandlela nemigomo yokuqoka
- Imiqulu yenqubomgomo
- Izaziso zeGazethi kaHulumeni
- Okufundelwe nokufundelwe ingxenye okubhalisiwe

Isihloko: Inqolobane Kazwelonke Yamarekhodi Abafundi

Imikhakha:

- Amagama amalungu eBhodi yeSAQA
- Abaqinisekisi Bamazinga Okuhlola Abagunyaziwe
- Abanikezimfundo nokuqeqesha abagunyaziwe
- Konke okufundelwe namazinga okufunda
- Okufundele okubhalisiwe namazinga okufunda
- Okufundelwe namazinga okufunda osekudlulelwe yisikhathi sokubhalisa
- Okufundelwe nokufundelwe kusukela ekuphasisweni yiKomidi leKhwalithi nokubhalisa kuNQF.

Isihloko: Ukuqinisekisa

Imikhakha:

- Amakhophi okubhalwe ngabafundi
- Ukuqinisekisa okuwumthamo

(IV) Amarekhodi angase acelwa [Izigaba 14(1)(d)]

Ukuchazwa kwezihloko nemikhakha yamarekhodi agcinwe yiSAQA angase acelwe ngaphansi kwesahluko 4, isigaba 34 (i) soMthetho ka2000 Wokukhuthaza Ukufinyelela Ulwazi.

Isihloko: Ezabasebenzi

Imikhakha:

- Izinqubomgomo nezinkambiso zezabasabenzi
- Amarekhodi okuqashwa

Isihlojo: Ezezimali Nokuphatha

Imikhakha:

- Izinqubomgomo nezinkambiso
- Amarekhodi ezezimali nemibiko

Isihloko: Ibhodi yeSAQA

Imikhakha:

- Izinqumo
- Imibiko eshicilelwe
- Imithetho nezinkambiso

(V)Inqubo yokufaka isicelo

Umfakisicelo uyokwazi ukuthola amarekhodi eSAQA uma:

- Umfakisicelo ehambisana nezidingo ezingokwenqubo kuMthetho omayelana nesicelo sokuthola lelo rekhodi; futhi
- Ukuthola lelo rekhodi kwenqatshelwa ngezizathu ezishiwo kuMthetho onguNombolo 2 ka2000 Wokukhuthaza Ukufinyelala Ulwazi.

Uhlobo lwesicelo:

- Umfakisicelo kumele asebenzise ifomu elishicilelwe kuGazethi kaHulumeni
- IGazethi [Isaziso sikaHulumeni esinguR187- 15 Febhruwari 2002] (Ifomu A);
- Umfakisicelo kumele futhi achaze ukuthi isicelo esekhophi yerekhodi noma ufuna ukufika azobuka irekhodi emahhovisi eSAQA;
- Kungenjalo uma irekhodi lingewona umqulu, lingabukwa efomini eceliwe, uma kungenzeka [s 29(2)];
- Uma umuntu ecela ukuthola irekhodi ngohlobo oluthile, angalithola ngohlobo alucelile, ngaphandle uma ukwenza kanjalo kuzophazamisa ngokungamukelekile ukusebenza kwe-SAQA, noma kulimaze irekhodi noma kuphule imithetho yobunikazi okungabona okweSAQA. Uma ngezizathi ezisobala irekhodi lingatholwa ngenye indlela ehlukile kwebiceliwe, khona-ke izindleko ziyobalwa ngokwendlela ebicelwe ekuqaleni [s 29(3) no (4)];
- Uma, ngaphezu kwempendulo yesicelo serekhodi, umfakisicelo efuna ukwazi ngesinqumo ngenye indlela, isib. ngocingo, lokhu kumele akuchaze [s 18(2)(e)];
- Uma umfakisicelo ecelela omunye umuntu ulwazi, imininingwane okucelwa ngaphansi kwayo kufanele ishiwp [s 18(2)(f)];
- Uma umfakisicelo engakwazi ukufunda noma ukubhala, noma enokukhubazeka, angasenza isicelo ngomlomo. Umnikilwazi uyobe esegcwalisela umfakisicelo

ifomu bese emnika nekhophi [s 18(3)].

Zimbili izinhlobo zemali okudingeka zikhokhwe ngoko*Mthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Ulwazi,* okuyimali yokucela nokuthola ulwasi s22:

- Umfakisicelo ofuna ukuthola irekhodi elimayelana naye akudingeki akhokhe imali yesicelo. Bonke abanye abafakizicelo, abangaziceleli bona, kufanele bakhokhe imali yesicelo efunekayo;
- Umnikilwazi kumele azise umfakisicelo (ngaphandle kocela okumayelana naye) ngesaziso, ecela ukuba umfakisicelo akhokhe imali (uma kufanele) ngaphambi kokusetshenzwa kwesicelo;
- Imali yesicelo ekhokhwa izinhlaka zomphakathi nguR35. Umfakisicelo angafaka isikhalo, lapho kufanele, noma isicelo enkantolo ngokumelene nethenda noma ukukhokhela isicelo;
- Uma umnikilwazi esethathe isinqumo ngesicelo, umfakisicelo kumele aziswe ngaleso sinqumo ngendlela umfakisicelo abecele ukwaziswa ngayo;
- Uma isicelo sivunywa, kumele kukhokhwe enye imali yokuthungatha, ukulungisa nokukhipha kanye nesikhathi esengeziwe esedlula leso esibekelwe ukuthungatha nokulungiselelwa ukunikezelwa kwerekhodi.

E. Izinsizakalo ezikhola nokuthi zitholwa kanjani

ISAQA inika lezi zinsizakalo emphakathini:

- Ukucutshungulwa kokufundelwe emazweni angaphandle ngenhloso yokuthola ukuthi kukhona yini okufana nakho eNingizimu Afrika;
- Isizinda Semithombo Nolwazi sinezincwadi, izinqolobone ze-*internet* nokuqongelelwe okufundwayo kubukwe, futhi isebenza njengomtapo wakho konke okushicilelwe okuphathelene neSAQA neNQF;
- Isizindalwazi seSAQA naso singanyelwe yiSikhungo. Siqukethe ulwazi ngeSAQA neNQF kuhlanganise konke okushicilelwe, imiqulu yenqubomgomo nokufundelwe okubhaliswe ngokusemthethweni;
- I-Advocacy, Communication and Support (ACS) inikeza ulwazi ngeSAQA nemisebenzi yayo kuhlanganisa nokuthuthukisa nokungamela inqubo yezokuxhumana yeSAQA;
- I-NQF Advisory Service Inika ulwazi nokwelulake ngokufundelwe namathuba avulekele abafundi;
- I-Registration and Recognition (DRR) ibhekele ukuhlola nokusebenza izicelo zokwamukela kwezinhlaka ezisemthethweni nezikhundla ezisemthethweni;

- I-Verifications Service yeSAQA inika amakhophi okuphaswe ngabafundi okuthathwe kuNqolobane Kazwelonke Yamarekhodi Abafundi (NLRD) kokubili kubantu ngabanye noma ezinhlanganweni zomphakathi nezamabhizinisi;
- I-NLRDiqukethe ulwazi mayelana:
  - Okufundelwe nokufundelwe ingxenye okubhaliwe kuNQF
  - Abahlolizinga Abagunyaziwe
  - Abanikimfundo nokuqeqesha abagunyaziwe
  - Abafundi ngabanye nalokho abakuphasile
  - Amagama amalungu ebhodi yeSAQA, kanye nabaphathi
  - Babahlolizinga abagunyaziwe nabanikimfundo nokuqeqesha abagunyaziwe.

Olunye ulwazi ngalezi zinsizakalo lungatholakala kusizindalwazi seSAQA (www.saqa.org.za). Imibuzo ingathunyelwa nge-imeyili ku: saqainfo@saqa.org.za noma kushayelwe le namba 086 010 3188.

F. Uhlelo lokuvumela umphakathi ukubamba iqhaza ekusunguleni kwenqubomgomo nasekusebenziseni igunya[Isigaba 14(1)(g)]

ISAQA izibophezele kunqubo yokubonisana nomphakathi kukho konke ukusebenza kwayo ngalezi zindlela ezilandelayo::

- Imiqulu yenqubomgomo nemiqulu yemigomo yokuqoka ishicilelwa kuGazethi kaHulumeni ukuze umphakathi uphawule ngayo ngaphambi kokuba iphasiswe;
- Kuhlale kubanjwa izinkuthazakwenza nezingqungquthela.

G. Izixazululo ezikhona uma izihlinzekelo zo*Mthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Ulwazi* kungahanjiswananga nazo [Isigaba 14(1)(h)]

ISAQA, njengohlaka lomphakathi olusebenza ngokomthetho oshayiwe (bheka incazelo “yohlaka lomphakathi” esogabeni 1 isigatshana (b) (i) soMthetho Wokukhuthaza ukufinyelela Ulwazi) kayinayo inqubo yangaphakathi yokudlulisa izikhalo. Kungase kucelwe usizo lwezinkantolo uma kunezimo lapho kungahanjiswanga ngokwezihlinzekelo zalo Mthetho.